



UNIVERSITY OF  
**KWAZULU-NATAL**  
INYUVESI  
**YAKWAZULU-NATALI**

**INQUBOMGOMO YEZILIMI YASENYUVESI  
YAKWAZULU-NATALI  
INOMBOLO: CO/02/0109/06  
(IBUKEZWE NGONYAKA WEZI- 2014)**

<b>Igama Lenqubomgomo:</b>	Inqubomgomo yeziLimi yaseNyuvesi yaKwaZulu-Natali	
<b>Inombolo Yayo:</b> (Ikhishwe iHhovisi likaMabhalane Omkhulu)	CO/02/0109/06	
<b>Umbhali/Umsunguli:</b> <b>Ibukeziwe</b> (igama nesikhundla)	USolwazi Renuka Vithal (DVC: KwezokuFunda NokuFundisa) Usihlalo: WeBhodi yeziLimi yeNyuvesi	
<b>Ongumgcini:</b> (isikhundla/ihhovisi)	iBhodi yeziLimi yeNyuvesi (Inqubomgomo ebukeziwe)	
<b>Inqubomgomo Yagunyazwa:</b>	Isigungu: Umkhandlu	Usuku: 01.09.2006
<b>Yabukezwa:</b>	Umkhandlu	08.12.2014
<b>Usuku Lokuqala Ukusebenza:</b> Lokuyibukeza	01.09.2006 08.12.2014	
<b>Usuku Lokubukezwa Kwenqubomgomo:</b> Lokuyibukeza	01.09.2018 (noma ngaphambili uma kunesidingo)	
<b>Obhekene Nokusetshenziswa Kwayo:</b>	Ikomidi Eliphezulu Leziphathimandla	
<b>Inquboyokusetshenziswa Igunyazwe:</b> Yabukezwa:	Isigungu:  Izigele	Usuku:  12.11.2014
<b>Inqubomgomo Izoqashwa i-</b>	iBhodi yeziLimi yeNyuvesi	

# A: ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO

## 1. Isitatimende Sokuhlosiwe

INyuvesi yaKwaZulu-Natali ihambisana nokuhloswe yinqubomgomo yobuliminingi yaseNingizimu Afrika futhi ifuna ukuba neqhaza elikhulu elibambile ekutheni isebenze ngempumelelo. Inqubomgomo iyasibona isidingo sokuthuthukisa nesokugqugquzela ukusetshenziswa kahle kwezilimi ezisemthethweni, ikakhulukazi isiZulu nesiNgisi. Okuzozuzwa abafundi ngokwazi ukukhuluma kahle isiNgisi kucacile njengoba siwulimi olukhonyayo kwezemfundo, kwezohwebo nasezimbonini kumazwe ngamazwe futhi siphinde sibe wulimi oluyintandokazi kuhulumeni nakwezinye izikhungo eNingizimu Afrika. Ukukwazi ukukhuluma kahle isiZulu kuzoba neqhaza ekwakheni isizwe futhi kulekelele abafundi ngokuthi bakwazi ukuxhumana nabantu abayiningi KwaZulu-Natali. Le nqubomgomo ihlose ukucacisa ngokungazuzwa ngokuba limimbili ngokugcwele ngesiNgisi nesiZulu eNingizimu Afrika futhi iphinde ibe yisisekelo soHlelo Lolimi oluhambisana nayo.

Inqubomgomo yolimi yeNyuvesi ihlose:

- Ukulondoloza nokugqugquzela ukuhlonishwa nokwaziwa kokukhulunywa kwezilimi ezibalulwe kumthethosisekelo, nezinye izilimi okubandakanya izilimi ezingamagugu eziqhakambisa ukuxhumana okubalulekeli ngokwezamasiko, ngokwezesayensi nangokwezomnotho;
- Ukuthuthukisa ulwazi lobuliminingi ngokuhlonishwa kwazo zonke izilimi ezisemthethweni esifundazweni saKwaZulu-Natali;
- Ukubeka isiZulu ezingeni eliphezulu esikhungweni futhi sisetshenziswe njengolimi lokufunda njengoba kwenzeka ngesiNgisi;
- Ukuhlinzeka ngezinsiza ezizofezekisa ukusetshenziswa kwesiZulu njengolimi lokufunda, lokufundisa, lokucwanninga nelokuphatha;
- Ukugqugquzela ucwanningo kwezokuhlelwa nokuthuthukiswa kolimi;
- Ukuba yisizinda sikazwelonke sezokuthuthukiswa kwekhophasi yolimi lwesiZulu kanye nokuthuthukiswa kuhlelenjise amatemu emikhakha enhlobonhlobo kanye nokusatshalaliswa kwawo;
- Ukweseka i-African Academy of Languages (ACALAN), ehlose ukugqugquzela nokuthuthukisa izilimi ezisemthethweni zeNhlangotho yoBumbano Lwamazwe ase-Afrika (African Union) ; futhi
- Ukugqugquzela ukuba ulimi lwesiZulu lube wulimi lwezingcithabuchopho njengolimi lwase-Afrika.

INyuvesi izoqhubeka nokusebenzisa isiNgisi njengolimi oluyisisekelo lwezokufunda kodwa futhi izoqala ukuthuthukiswa nokusetshenziswa kwesiZulu njengolimi olwengeziwe lwezokufundisa kuNhlangotho nezinsiza (kwezenhlalo nezokufunda) ezizokwenza ukusetshenziswa kolimi kuxhumanise bonke abantu baseNyuvesi.

Inqubomgomo yeNyuvesi yolimi izosiza ukuze kufezekiseke umbono nempokophelo yeNyuvesi yokuba yisikhungo esihamba phambili kwezemfundo yobu-Afrika nenhloso yayo yokuba iNyuvesi eholwa ezocwanningo esezingeni lomhlaba.

## **2. Isingeniso Nesendlalelo**

UMthetho wezeMfundo Ephakeme we-1997 uyisisekelo senqubomgomo yezolimi kwezeMfundo Ephakeme. Ngaphansi koMthetho wezeMfundo Ephakeme uhlangene nezinqubomgomo ezibekwe uNgqongqoshe wezeMfundo Ephakeme nokuQeqesha, isikhungo seMfundo Ephakeme ngasinye kumele sisungule siphinde sishicilele inqubomgomo yaso yolimi.

Inqubomgomo yolimi yeNyuvesi isuselwe ezimisweni eziqukethwe umthethosisekelo waseNingizimu Afrika isigaba sesi-6 (isigatshana sesi-2 nese-4) kanye nenqubomgomo yolimi kwezeMfundo yangonyaka wezi-1997. Ihambisana nohlaka olubalulwe yinqubomgomo yolimi kwezeMfundo Ephakeme yangonyaka wezi-2002 iphinde iqondane ngqo nomthetho wokusetshenziswa kwezilimi eziseMthethweni wezi-2012 (UOLA 2012). Ngaphansi kwalo mthetho we-UOLA wangonyaka we-2012, yonke iminyango kazwelonke, nezikhungo zomphakathi kumele zibe nenqubomgomo emayelana nokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni futhi kumele ishicilelwe le nqubomgomo.

### **Umqondo Wenqubomgomo Yolimi YeNyuvesi Ucaciswe Lapha Ngezansi:**

- 2.1 Inqubomgomo yolimi isekela umsebenzi omkhulu weNyuvesi okuwukukhiqiza nokunikezela ngolwazi olubandakanya nolwazi lwendabuko lwase-Afrika ngokuhambisana namazinga omhlaba, nokunezelela enqolobaneni yolwazi ngocwaningo nokusebenzisana nezifundiswa ezweni lonke nakumazwe ngamazwe.
- 2.2 ENyuvesi yethu abafundi abakhuluma isiZulu njengolimi lwebele bayingxenywe yomphakathi ebalulekile futhi ekhulayo okukhombisa ukuthi abantu abakhuluma isiZulu bayisibalo esikhulu KwaZulu-Natali. Ngakho-ke kungumsebenzi weNyuvesi ukuhlinzeka ngezinto ezihambisana nolimi kanye namasiko kubo bonke abafundi.
- 2.3 Amandla eNyuvesi okukhiqiza nokusabalalisa ulwazi ngezinhlelo zayo zocwaningo, ukufundisa nokuxhumana nomphakathi ancike ekuphumeleleni kwayo ekuthuthukiseni isiZulu ngokugcwele.
- 2.4 IsiZulu singezinye zezilimi zendabuko ezisemthethweni eNingizimu Afrika ezibalulwe kumthethosisekelo ezinomlando wokucindezelwa ngokokusetshenziswa nangezina laso. INyuvesi ngokulandela umthethosisekelo ifanele ukuthatha izinyathelo ezibonakalayo futhi ezinomthelela omuhle ukuze iphakamise izinga nokusetshenziswa kolimi lwesiZulu. INyuvesi ifanele futhi ukugqugquzela izimiso zobuliminingi okusho ukuthi zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika zithola ukuthathwa ngendlela elinganayo futhi ziphathwa ngendlela efanayo.
- 2.5 Inqubomgomo yolimi yeNyuvesi iyingxenywe yeqhinga elikhulu likazwelonke lokugqugquzela ubuliminingi futhi nokuthuthukisa isiZulu esifundazweni.

- 2.6 Ukugqugquzelwa kwesiZulu njengolunye lwezilimi zesiNguni kuzoba nomthelela omuhle kwezinye izilimi ezisemthethweni emndenini wezilimi zesiNguni ezifana nesiXhosa, isiSwati nesiNdebele.

### 3. Incazelo Yamatemu

- 3.1 **Izilimu zomdabu** kuchaza zonke izilimi zomdabu ezisemthethweni njengokumisa komthetho wezilimi waseNingizimu Afrika noMthethosisekelo waseNingizimu Afrika isigaba sesi-6(1). 53.6. Ubuliminingi.
- 3.2 **Umthethosisekelo** uchaza umthethosisekelo osemthethweni weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika.
- 3.3 **Ubulimimbili** buchaza ikhono lomuntu ngamunye lokusebenzisa ngokuyimpumelelo izilimi ezimbili, isiNgisi nesiZulu, ekwenzeni izinto ezinhlobonhlobo zansukuzonke, ubulimimbili obusebenzisekayo.
- 3.4 **Ubuliminingi** buchaza ukukhuluma noma ukusebenzisa izilimi eziningi ezahlukene.
- 3.5 **Uhlelo lolimi** luchaza iqhinga elikhona lokwenza inqubomgomo yolimi ikwazi ukuthi isebenze.
- 3.6 **PanSALB** umele iBhodi leziLimi laseNingizimu Afrika, eyasungulwa ngokuhambisana nesigaba sesi-2 somthetho weBhodi leziLimi laseNingizimu Afrika.
- 3.7 **ULB** umele iBhodi leziLimi leNyuvesi.
- 3.8 **UTLO** umele iHhovisi leNyuvesi lezokuFunda nokuFundisa.
- 3.9 **ULPDO** umele iHhovisi leNyuvesi lezokuHlelwa nokuThuthukiswa koLimi.
- 3.10 **KwaZulu-Natali** usho isifundazwe saKwaZulu-Natali njengokubeka kwesigaba se-103 somthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika.
- 3.11 **INyuvesi** ichaza iNyuvesi yaKwaZulu-Natali.
- 3.12 **UMnyango** leli yitemu elisetshenziswa ukuchaza uphiko olwenza umsebenzi othile eNyuvesi okungaba ikolishi, isikole, isizinda, uhlangothi noma isigaba.

### 4. Izindawo Ezosebenza Kuzo

Le nqubomgomo isebenza kuzo zonke izikole namaKolishi aseNyuvesi nezinhlangothi, izizinda nezikhungo ezingaphansi kweNyuvesi. Yonke iminyango esebenzisana neNyuvesi nayo ibophezeleke kuyo le nqubomgomo.

Yize iNyuvesi ibuqonda ubuliminingi kodwa le nqubomgomo ibhekelele ukuthuthukiswa kobulimimbili ngesiZulu nesiNgisi. Le nqubomgomo kumele ifundwe ngokuhlanganyela nezinye izinqubomgomo zeNyuvesi ezisebenzisana nazo ezithinta

ukusetshenziswa kwenqubomgomo yolimi yeNyuvesi njengenqubomgomo yocwaningo nenqubomgomo yezokuFunda nokuFundisa.

## **5. Inqubomgomo**

### **5.1 Izimiso Ezihola Inqubomgomo Yolimi**

- 5.1.1 Inqubomgomo yolimi yeNyuvesi kumele iqhubeke nokusekela ukufunda, ukufundisa nocwaningo ukuze kube okusezingeni eliphezulu kakhulu futhi elihlonishwa ezweni lonke kanye nakumazwe ngamazwe.
- 5.1.2 Inqubomgomo yolimi yeNyuvesi isuselwe esisekelweni senqubomgomo kazwelonke kanye neyesifundazwe.
- 5.1.3 Inqubomgomo yeNyuvesi ihambelana nombono weNyuvesi wokuba yiNyuvesi ehamba phambili ezifundweni zobu-Afrika; impokophelo yayo wukulungisa ukungalingani okwakheka ezikhathini esezadlula futhi lokhu kumbandakanya nokuzimisela ukuletha nokugqugquzela ukubekezelelana nokuhloniphana phakathi kwamasiko nokuhlalisana kwezinhlanga ezahlukeneyo; kanye noHlelo lwamaQhinga lwangonyaka wezi-(2007-2016) olubuyekezwe ngoNhlanguvana wonyaka wezi-2012.
- 5.1.4 INyuvesi iyakuqonda ukubaluleka kolimi lwesiNgisi njengolimi lokufunda kumazwe ngamazwe futhi okuwulimi oluhamba phambili ekuphathweni nasekuhwebeni eNyuvesi.
- 5.1.5 INyuvesi iphinde ikuqonde kahle ukubaluleka kolimi lwesiZulu njengonqolobanengqangi yamasiko, namasikompilo esizwe kanye nendlela yokuxhumana.
- 5.1.6 INyuvesi iyakuqonda ukubaluleka kwezilimi ezisemthethweni KwaZulu-Natali, njengendlela yezokuxhumana ngokwezilimi kanye namasiko. INyuvesi iyakuqonda futhi nokuthi izilimi nosikompilo lwabomdabu waseNdiya abazinze eNingizimu Afrika kunothisa amasiko esifundazwe.
- 5.1.7 INyuvesi ikhethe ukusetshenziswa kolimi lwesiZulu njengolimi lokufundisa nokuxhumana futhi kuwumsebenzi wezikole namakolishi ebambisene neBhodi yezilimi yeNyuvesi ukuqhubezela phambili lolu hlelo.
- 5.1.8 Inqubomgomo yolimi yeNyuvesi eqhakambisa ubulimimbili yakhiwe ngokuqonda inqubomgomo kazwelonke yobuliminingi yona egqugquzela ukugqugquzelwa ukuhlonishwa kokuhlukana ngokwezilimi kanye nangamasiko.
- 5.1.9 Ubuholi beNyuvesi buzozibophezela ekubeni yisibonelo esihle ekugqugquzeleni ukusetshenziswa kohlelo nenqubomgomo yezilimi yeNyuvesi.

### **5.2 Ukuthuthukiswa Kwezilimi Zokufundisa ZeNyuvesi**

- 5.2.1 INyuvesi iyakuvuma ukuthi isiNgisi siwulimi oluhamba phambili lokufundisa futhi ikholelwa ukuthi kuzobaluleka ukusebenza ngale ndlela ngesikhathi kusathuthukiswa isiZulu ukuze naso sisetshenziswe kuyo yonke imisebenzi yeNyuvesi.
- 5.2.2 INyuvesi izothuthukisa isiZulu ukuze sisetshenziswe ekufundiseni njengeqhinga lesikhashana kuya kweside lokugqugquzela ubulimimbili. Ngenxa yale njongo, iNyuvesi izokwakha uhlelo lwezezilimi oluzocacisa

imininingwane emayelana nokwenziwa kwalo msebenzi njengezikhathi ezinqunyelwe wona kanye nezindleko zawo.

- 5.2.3 Ukugqugquzelwa kwesiZulu ekufundiseni kuzodinga ukwakhiwa kwezichazimazwi kanye nezinye izinsiza zokufunda nokufundisa. Ukuze kufezekiswe lokhu, iNyuvesi izosebenzisana ne-PanSALB, noMnyango kaZwelonke weMfundo eyisiSekelo, umnyango weMfundo Ephakeme nokuQeqesha kanye noMnyango wezobuCiko namaSiko.
- 5.2.4 Ukuqala kokusebenze kweNqubomgomo yezilimi ngempumelelo kuzoncika ekufakweni kwezimali ezinkulu isikhathi eside ezizovela kuhulumeni, njengokubeka kwenqubomgomo yezilimi yezeMfundo Ephakeme.
- 5.2.5 Ukuze kuqinisekiswa ukuthi ulimi alubi wumgoqo ekufundeni nasempumelelweni, iNyuvesi izohlizeka ngezinhlelo zolimi kanye nezokuthuthukiswa kwezokufunda ngesiZulu nangesiNgisi.

### **5.3 Ukuthuthukiswa KwesiZulu NesiNgisi Kwezokufunda**

- 5.3.1 INyuvesi izobhekisisa ukuthuthukiswa kwezinhlelo zokufunda ngolimi lwesiNgisi nolwesiZulu; nokuthuthukisa izinhlelo zokufunda ngezinhlelo zolwazi lwendabuko.
- 5.3.2 INyuvesi izosebenza ngokubambisana namanye amaNyuvesi ukuze kwakhiwe isizinda sokuthuthukiswa nokufunda isiZulu
- 5.3.3 INyuvesi izogqugquzela ucwaningo olwenziwa ngesiZulu nolucwaninga ulimi lwesiZulu.

### **5.4 Ukugqugquzelwa Kobulimimbili/ubuliminingi Kwizinqubomgomo Nasezindleleni Zokwenza**

INyuvesi iyosebenzisa indlela efanayo nale ephakanyiswa ekufundeni isiZulu nesiNgisi ephuzwini elikhuluma ngokuthuthukiswa nokufundwa kwezinye izilimi, ikakhulukazi lezo ezikhulunywa ezwenikazi i-Afrika futhi ezibalulekile ekuthuthukisweni kwezohwebo lwamazwe ngamazwe nezokuvakasha kanye nezokuxhumana ngokufunda kanye namasiko. Lezi zilimi zibandakanya isiXhosa, nesiSuthu kwezaseNingizimu Afrika, bese kuba yisiSwahili, isiFulentshi nesi-Arabhu ezwenikazi bese kuba wulimi olusakhula emhlabeni jikelele isiMandarini.

- 5.4.1 INyuvesi iyaliqonda iqhaza layo ekugqugquzelweni kobuliminingi ukuze kube nentuthuko kwezenhlalo, kwezamasiko, kwezokufunda, nakwezomnotho. Lokhu kubandakanya nezinye izilimi ezisemthethweni kanjalo nezinto ezingamagugu kanye nezilimi zabokufika.
- 5.4.2 Ekuthuthukisweni kobulimimbili besiZulu nesiNgisi, izimpawu zeNyuvesi, izimpawu zomphakathi nezaziso nalapho kunesidingo khona, emicimbini yomphakathi njengeyokwethweswa iziqu, izifundonkulumo ezikhethekile neminye imicimbi yomphakathi kuyokwenziwa ngesiZulu nangesiNgisi.
- 5.4.3 Izilimi zokuphatha kuyoba yisiZulu nesiNgisi.
- 5.4.4 Ukuthuthukisa ulwazi kubasebenzi baseNyuvesi abafundisayo nabakwezokuphatha, kuzohlizekwa ngezifundo kubasebenzi abangakwazi ukuxhumana ngolimi lwesiZulu nolwesiNgisi.
- 5.4.5 Abakhankasela ukuqashwa ezikhundleni zokuphatha noma emikhakheni yokufundisa kuyomele babe nolwazi lwesiNgisi noma lwesiZulu. Labo

abangenalo ulwazi olwanele kolulodwa lwalezi zilimi emisebenzini abayenzayo, bayonikwa ithuba lokwenza izifundo zokuxhumana ezibafanele.

## **B: INQUBO NEMIHLAHLANDLELA YOKWENZA**

1. Inqubomgomo yezilimi yeNyuvesi iyonikwa amandla okusebenza ngokusetshenziswa koHlelo lweziLimi lweNyuvesi olucacisa imininingwane emayelana nokwenza okuhambisana neNqubomgomo yezilimi eNyuvesi yonke.
2. IBhodi yeziLimi yeNyuvesi inomsebenzi wokuthuthukisa, wokwenza, wokuqapha, nowokubuyekeza uHlelo neNqubomgomo yeziLimi yeNyuvesi njengoba zibaluliwe kuSomqulu weBhodi yeziLimi yeNyuvesi. IBhodi yeziLimi yeNyuvesi ibika kwiziGele kanye naseKomidini lesiKhungo.
3. IBhodi yeziLimi yeNyuvesi inokwesekwa ekusebenziseni uHlelo nenqubomgomo yezilimi yeNyuvesi ngokusebenza ngeHhovisi leNyuvesi lezokuHlelwa nokuThuthukiswa koLimi. IHhovisi lezokuHlelwa nokuThuthukiswa kolimi lingaphansi koMnyango wePhini likaSekelashansela: EzokuFunda nokuFundisa (obuye abe nguSihlalo weBhodi yeziLimi yeNyuvesi). UMqondisi: EHhovisi lezokuHlelwa nokuThuthukiswa koLimi ubikela iBhodi yeziLimi yeNyuvesi ngazo zonke izindaba eziphathelene noHlelo neNqubomgomo yezilimi; aphinde abike nakwiPhini likaSekelashansela: EzokuFunda nokuFundisa njengomphathi wakhe.
4. IHhovisi lezokuHlelwa nokuThuthukiswa koLimi ekusebenzeni ngohlelo lwezilimi, linezinhlobonhlobo zemisebenzi eliyenzayo ezihlanganise ikhophasi, ukuthuthukiswa kwamatemu, ucwaningo, ukutolika nokuhumusha, nokuhlela kanye nemisebenzi exhumene nocwaningo esekela noHlelo neNqubomgomo yeziLimi.